IZIBALO ZEMBULUNGA YONKE ZOKUSHUSHUMBISWA KWABANTUZ

- Kukhona abantu abayizigidi ezingama-***50 abayizigqila*** emhlabeni namuhla. [1]
- Ukushushumbiswa kwabantu kukhiqiza imali elinganiselwa ku-***$236 billion USD*** unyaka ngamunye.[2]
- Cishe ***isisulu esisodwa kwezine*** zokushushumbiswa kwabantu yizingane.[3]
- Ukushushumbiswa kwabantu kwenzeka ***kuzo zonke izifunda*** zomhlaba futhi kungenzeka kunoma ubani.

IZIMPAWU ZOKUSHUSHUMBISWA KWABANTU

Sebenzisa lezi zimpawu ukuze ubone umuntu ongase abe yisisulu sobugqila bosuku lwanamuhla.

UKULAWULWA OMUNYE UMUNTU	Uphelezelwa umuntu omlawulayo, futhi akazikhulumeli, kodwa kunalokho udlulisela akushoyo komunye umuntu.
UKUNYAKAZA OKULAWULIWE	Uyahanjiswa futhi abuyiswe emsebenzini, noma uhlala futhi asebenzela endaweni efanayo. Ubonisa izimpawu zokuthi umnyakazo wakhe uyalawulwa.
UKUNGALITHOLI IHOLO	Akakwazi ukugcina iholo lakhe futhi uphoqelelwa ukuthi alinekeze omunye umuntu. Ezimweni eziningi, umuntu unesikweletu azama ukusiqeda.
UKUNTULEKA KOMAZISI OSEMTHETHWENI	Iphasiphothi yakhe, umazisi, noma amadokhumenti akhe asemthethweni awahlali kuye.
UKWESABA NGOKWEQILE, UKUCINDEZELEKA, FUTHI UZIPHATHA NGENDLELA ETHOBEKILE	Uyesaba ukukhuluma nabantu bangaphandle neziphathimandla njengoba egadwe ngokuseduze futhi elawulwa abashushumbisi bakhe. Angase abe novalo, ixhala, acindezeleke, athobeke ngokweqile, futhi agweme ukukubuka emehlweni.
BAKHOHLISWA AMATHUBA OMSEBENZI ANGAMANGA	Umsebenzi wakhe wangempela uhlukile kulowo okhangisiwe awumukele.
IMIZWA YOKUZIZWA UVALELEKILE	Ushilo ukuthi akakwazi ukushiya isimo ahlala kuso noma aqashwe kuso.

1. Global Slavery Index. (2022). Global Slavery Index Report 2022.
2. Profits and Poverty: The Economics of Forced Labour (2024)
3. Global Slavery Index. (2022). Global Slavery Index Report 2022.

UMA UKUSOLA, KUBIKE.

Skena ikhodi ye-QR ukuze ulondoloze, wabelane, futhi ushayele lezi zinombolo uma ubona izimpawu zokushushumbiswa kwabantu.

A21.org *@A21* *@A21Campaign* *@A21*

Kuhunyushwe yi-SIL International